

## ZWAKALISA UVO LWAKHO

**UMthethosivinywa oChibiyela Amandla, amaLungelo kanye nokuVikelwa kwePhalamende neziShayamthetho zeziFundazwe [B 18 - 2018] (IsiGungu sikaZwelonke – isigaba 75).**

### Isimemo sezeThulo eziBhaliwe

IKomidi Elikhethekile kwezokuVikela noBulungiswa limema ababambiqhaza kanye nabantu abanentshisekelo ukuba bathumele izethulo ezibhaliwe **ngoMthethosivinywa oChibiyela Amandla, amaLungelo kanye nokuVikelwa kwePhalamende neziShayamthetho zeziFundazwe [B 18 - 2018] (IsiGungu sikaZwelonke – isigaba 75).**

**UMthethosivinywa oChibiyela Amandla, amaLungelo kanye nokuVikelwa kwePhalamende neziShayamthetho zeziFundazwe [B 18 - 2018] (IsiGungu sikaZwelonke – isigaba 75),** phakathi kokunye uhlose ukwenza lokhu:

- **ukuChibiyela uMthetho waMandla, amaLungelo kanye nokuVikelwa kwePhalamende neziShayamthetho zeziFundazwe, 2003, ukuze kuchitshiyelwe incazelo;**
- **ukuhlinzekela ukuthi ukuboshwa nokususwa, ngokomyalelo wesiPhathimandla, komuntu obanga ukuphazamiseka noma ozibandakanya ekuphazamiseni emagecekeni kungasebenzi elungwini lePhalamende;**
- **ukuhlinzekela ukuthi isishayamthetho sesifundazwe singakhetha ukuqoka iKomidi Elingaguquki noma sisungule iKomidi lesikhashana i- *ad hoc* elizobhekana nokuqondiswa kwezigwegwe kwamalungu esishayamthetho sesifundazwe uma ephule umthetho waleso sishayamthetho sesifundazwe;**
- **ukuhlinzekela ukuthi uSomlomo wesishayamthetho sesifundazwe akwazi ukulawula nokuba negunya emagecekeni egameni lesishayamthetho sesifundazwe.**

Izethulo ezibhaliwe kumele zifike **ungakadluli umhla ziyisi-09 kuLwezi wezi-2018.**

Izicelo zamakhophi yoMthethosivinywa, izethulo ezibhaliwe kanye nemibuzo kungaqondiswa kuMnumzane G Dixon, Select Committee on Security and Justice, 3<sup>rd</sup> Floor, Office 133, 90 Plein Street, Cape Town, 8001 noma zithunyelwe nge-imeyili kuleli kheli [gdixon@parliament.gov.za](mailto:gdixon@parliament.gov.za) noma zithunyelwe ngefeksi kule nombolo 086 658 9371.

Ikhishwe nguMhlonishwa SG Mthimunye, iLungu lePhalamende, uSIhlalo: weKomidi Elikhethekile kwezokuVikela noBulungiswa.